



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **NATIONAL SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2019**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**Leli phepha linamakhasi ayi-7.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:  

ISIQEPHU A: Indaba	(40)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(20)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map) ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa kakhulu ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:  

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-60	
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-30	
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30	
8. Ungashintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-150 kuya kwayi-180.

**QAPHELA:** Khumbula ukwenza uhlaka lwendaba yakho.

- 1.1 Kwaba njalo-ke mhla isikole sethu sivakashele esiqiwini sezilwane (Zoo). **[40]**
- 1.2 Lwaze lwayintokozo loluya suku. **[40]**
- 1.3 Angisoze ngawukhohlwa lowo mdlalo. **[40]**
- 1.4 Intsha (Youth) yanamuhla. **[40]**
- 1.5 Isikhathi sikaKhisimusi. **[40]**
- 1.6 Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba ngaso. Ungakhohlwa ukuyinika isihloko. Bhala inombolo yesithombe njengoba injalo.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6.1



[Sicashunwe: [www.pictures.com](http://www.pictures.com)]

**[40]**

1.6.2



[Sicashunwe: [www.getty images.com](http://www.gettyimages.com)]

[40]

1.6.3



[Sicashunwe: [www.getty images.com](http://www.gettyimages.com)]

[40]

**AMAMAKI ESIQEPHU A:**

**40**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

**2.1 INCWADI YAKOMKHULU**

UMasipala wangakini wakhe ipaki yokudlala izingane.

Bhala incwadi uncome lesi senzo esihle esijatshulelwa wumphakathi wonke. [20]

**2.2 INCWADI YOBUNGANI**

Umngani wakho enifunda naye esikoleni uwine umncintiswano wakwaSunlight ayewungenele.

Bhala incwadi umbongele uphinde umkhuthaze ukuthi aqhubeke njalo nokungenela imincintiswano. [20]

**2.3 ISIBUYEKEZO ('REVIEW')**

Ubuvakashele inxanxathela yezitolo (mall), wabuka ifilimu oyithande kakhulu.

Bhala isibuyekezo sale filimu. [20]

**2.4 INKULUMO-MPENDULWANO**

Kubhalwa izivivinyo zikaJuni. Omunye wabafundi ucela uthisha ogadile ukuba amvumele angene nomakhalekhukhwini (cellphone) egunjini lokubhalela ngoba kunomyalezo obalulekile awulindile. Manje uthisha ogadile uyaphikisana nalokhu.

Bhala inkulumo-mpendulwano phakathi kwalaba bobabili. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-40 kuya kwangama-60.

**3.1 ISIKHANGISI**

Esikoleni sakho nizoba nosuku lokudayisa (Market Day). Lapha abafundi bebanga leshumi nambili bazodayisa izinto ezahlukene abazenza ekilasini.

Bhala isikhangisi wazise bonke abafundi besikole ngalolu suku olukhulu.

**[20]****3.2 IDAYARI**


Umngani wakho uzobe ejabulela usuku lwakhe lokuzalwa. Ukucele ukuba umsize ukulungiselela lo mcimbi. Bhala idayari ngenizobe nikwenza naye izinsuku ezinhlanu.

**[20]****3.3 INKOMBANDLELA**

Bheka le nkombandlela elandelayo bese ubhala indlela ibhasi elizohamba ngayo lisuka eZuzumusa High School lize lifike e-Eyethu Hall ngokulandela imicibisholo.

Bheka inkombandlela ekhasini elilandelayo.

**[20]**



[Umbhalo wokuziqambela]

[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 80**